# I-KZN iphaka impi yokulwa nezingozi zomgwaqo

UHULUMENI wesifundazwe iKwaZulu-Natal oholwa nguNdunankulu uMnu Willies Mchunu, usuhlabe ikhwela kubo bonke abasebenzisa umgwaqo ukuba babeke eqhulwini ukuphepha emgwaqeni babe ingxenye yombhidlango wokuqeda isihlava sokufa kwabantu emgwaqeni.

Lokhu kulandela ukuthi isiGungu sesifundazwe siphume sahambela izifunda zonke ngomhlaka-25 kuOctober ngenhloso yokufundisa nokukhuthaza ukuphepha emiphakathini nasemigwaqeni.

***Lokhu kusebenzisana kuveza ngokusobala ukuthi uHulumeni uhola phambili uphinde uzibophezele ekuqedeni izinhlekelele nokufa kwabantu emgwaqeni***

Lo mkhankaso oshayelwe ihlombe yimiphakathi, uhambisana nohlelo lukaHulumeni u-Operation Sukuma Sakhe (OSS) lapho abaphathiswa belalela, baxazulule izinselelo ezibhekene nemiphakathi emawadini.

Obekwenziwa ngabaphathiswa bekuhlanganisa izivimbamgwaqo, ukuhanjelwa kwezikole ngenhloso yokubheka ukuqhubeka kwezivivinyo kumatikuletsheni, kwase kuba ukuhlolwa kwemisebenzi yengqalasizinda yokuthutha nokuvakashelwa kweziteshi zamaphoyisa ukuhlola ukuthi zisebenza kanjani. Isifundazwe sisukuma kanjena nje, uMphathiswa wezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda wethule esigungwini sokuphathwa kwesifundazwe umbiko oveze ngokushona kwabantu abangu-24 esikhathiniesingamahora angu-24 emigwaqeni yesifundazwe.

**uNdunankulu weSifundazwe Willies Mchunu ubeyinxenye yomkhakhanso wezokuphepha emgwaqeni ngenyanga yezokuthutha. Lapha ubeyingxenye yesIvimba mgwaqo ku-Ennesdale, Estcourt, kuMasipala Inkosi Langalibalele.** *Isithombe: Zandile Shange*

Ephawula ngesikhathi sevimbamgwaqo ku-Ennersdale, Escourt, uNdunankulu uMchunu uncome wonke amalunga esigungu sakhe, izinhloko zeminyango neziMeya ngokuzinikela ekuqinisekiseni ukuthi lolu hlelo luba impumelelo, wengeza ngokuthi uHulumeni kufanele ahole phambili ezintweni ezithinta ukuphepha emgwaqeni.

"Lokhu kusebenzisana kuveza ngokusobala ukuthi uHulumeni uhola phambili uphinde uzibophezele ekuqedeni izinhlekelele nokufa kwabantu emgwaqeni.

"Ngokubona izibalo zobugebengu eziphuma kamuva nje, kubalulekile ukuthi silwe nobugebengu kanye nokwephulwa komthetho emgwaqeni ngokuhlanganyela. Njengabantu futhi kuzo zonke izinhlaka, kumele sisukume sihlanganise izandla ekulweni nabo bonke ababi emiphakathini esiphila kuyo.

"Izinhlekelele zezingozi nobugebengu ziyayiphazamisa inhlalakahle yabantu, okudinga izinhlaka zokugcinwa komthetho, imiphakathi nabo bonke ababambe iqhaza ukuba basebenzisane ngokuzimisela," kusho uMchunu. Uhulumeni wesifundazwe uzibophezelele ukuqhubeka nokuqinisa umthetho nokwandisa ukubonakala kwamaphoyisa emigwaqeni, okuhambisana nemiyalezo kwizinkundla zokuxhumana kanye nokuxhumana nemiphakathi okuqhubekayo.

## AMAZWIBELA NGOBEKWENZIWA EZIFUNDENI EZAHLUKENE

UNkk Nomusa Dube-Ncube wezokuBusa ngokuBambisana ongushampeni eThekwini ubemelwe uMnu Simiso Magagula oyiNhloko yoMnyango weziMali lapho ithimba lakhe lihambele umgwaqo u-P100 phakathi kweNanda neNdwedwe

OwezokuThutha, ukuPhepha nokuXhumanisa uMphakathi uMnu Mxolisi Kaunda ubehambele isiFunda iZululand lapho ehambele khona Olundi naKwaNongoma, wase ehlola nokwakhiwa komgwaqo u-P735 KwaNongoma.

UNks Bongi Sithole-Moloi wezobuCiko namaSiko, ezeMidlalo nokuNgcebeleka, uhole ithimba lakhe bahlola umgwaqo uD887 eSikhaleni, eMpangeni esifundeni iKing Cetshwayo, lapho ezwe izindaba ezimnandi ngokujabula komphakathi kanye neNkosi yesizwe sakwaDube ngalo mgwaqo osanda kwakhiwa.

Ushampeni wasifunda iHarry Gwala uMnu Ravi Pillay uhambele indawo yase uMzimkhulu lapho ehlole imisebenzi yemigwaqo eqhubekayo kule ndawo. Uhambele u-P749 okungumgwaqo ophakathi nedolobha uMzimkhulu neRiverside, kwase kuba u-P416 okungumgwaqo ophakathi kweStraffords Post neDroefheids Bron.

OwezeMfundo uMnu Mthandeni Dlungwane obejutshwe eMandeni kwisifunda iLembe uzwakalise ukujabula ngomsebenzi oqhubekayo ku-P415 lapho sekusele u-4.29 km ukuba ufakwe itiyela ngemali ebalelwa ku-R45 million.

**UNdunankulu uMnu Willies Mchunu ongushampeni wasoThukela uhambele indawo yaseMtshezi lapho ekhulume nomphakathi erenki yezithuthi zomphakathi, wahambela nezikole zendawo.**

Esifundeni aMajuba uDkt Sibongiseni Dhlomo ubemelwe uSekela-Meya uKhansela Enock Nkosi obehambisana nobukhosi bendawo abahlole nomsebenzi wokwakhiwa komgwaqo u-D280 okuqhubekayo njengamanje. Lo mgwaqo unikezwe isabelo-mali esingu-R120 million.

UMnu Sihle Zikalala wezokuThuthukiswa koMnotho ushayele ihlombe umsebenzi owenziwa izinhlaka zezomthetho kanye namaphoyisa aseNgwavuma ngokugwema ukudunwa kwezimoto ezebiwe ziyiswe eMozambique, ngenkathi ehambele indawo yaseNgwavuma lapho evakashele isiteshi samaphoyisa.

UNkk Weziwe Thusi wezokuThuthukiswa koMphakathi ojutshwe esifundeni Ugu uhambele eZingolweni, lapho ehlole khona umgwaqo u-P58. Lomgwaqo ophakathi kweDeemount neZingolweni ngaphansi kaMasipala iMuziwabantu ungaphansi kweNkosi yakwaXolo. Uphinde wahambela isivimbamgwaqo kuN2/P58 kanye nesiteshi samaphoyisa eZingolweni.

OwezoLimo nokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya uMnu Themba Mthembu uhole ithimba lakhe eneNhloko yoMnyango wezokuThutha, uMnu Sibusiso Gumbi, lapho behambe bayohlola umgwaqo omkhulu uP17 ophakathi kweGreytown neNgubevu okutshalwe kuwona imali ebalelwa ku-R892 million, esifundeni uMzinyathi.

UMphathiswa weziMali KwaZulu-Natal uNkk Belinda Scott onguShampeni esifundeni uMgungundlovu uhole ithimba lakhe lapho behlole umgwaqo uP390 ozodla umnyango imali ebalelwa ku R82.7 million. Lo mgwaqo uzohlanganisa izindawo e-Taylors Halt, KwaMncane, eMpophomeni kanye neHowick.

**"Ezokuphepha Emgwaqweni Kungumsebenzi Wethu Sonke."**